



**INCWADI YOKWALUSA YOKWETHULWA  
KWENGQUNGQUTHELA YAMALUNGA EBANDLA  
YOKUXOXISANA  
KWISIFUNDABHISHOBHI ESIKHULU SASETHEKWINI**

*UKUBA IFUNDWE KUMAMISA WONKE AGUJWA KWISIFUNDABHISHOBHI ESIKHULU  
SASETHEKWINI KWIMPELASONTO YANGOMHLAKA-16 KUYA KU-17 OCTOBER 2021  
ENDAWENI YENTSHUMAYELO.*

Bafowethu noDadewethu abathandekayo kuKristo

Ngempelasonto eyedlule yangomhlaka-9 kuya ku-10 ku-October, uBaba oCwebileyo, uPhapha uFrancis, uqale uhlelo olubalulekile oluzophetha ngomphumela wokuvulwa komhlangano wamalunga ebandla okhethekile iSinodi e-Roma ngo-October 2023. Inhloso kaBaba oCwebileyo ukuthi lokukuhlangana kuzozwa izwi leBandla emhlabeni jikelele. Eminyakeni edlulile kukekwagcizelelwa ukuthi impumelelo yomholi into yokuqala futhi elokhu ifuna ukulalela. Ngalandlela iBandla lingaba ubunye bangempela lapho lonke ilunga lingabamba iqhaza ngempumelelo kulomsebenzi wokuthunywa weBandla.

Nginomuzwa oyiqiniso wokuthi simi kwizimpambano zomgwaqo yesikhathi esibalulekile kakhulu emlandweni weBandla – ukukhumbula amazwi kaMprofethi uJeremiya “**yima ezimpambanweni zomgwaqo; ubheke izindlela zakudala; buza, ‘ikuphi indlela eholela kulokho okuhle?’ Ebese uthatha leyondlela, uzozitholela konke wena.**”{6: 16}

Lapha kwisiFundabhisobhi esikhulu, ngesikhathi samaviki kanye nezinyanga ezilandelayo, sizogala uhlelo lwethu lokulalela. Lokhu kuzobandakanya izinto eziningi ezizokwenziwa, ukuhlangana kanye nokuxoxisana. Isigaba sokuqala ukuzinikela emkhulekweni kanye nasekuzindlen ukuze sizokwazi ukuthi sonke sibe sesimweni esingcono sikwazi ukuba sikulungele ukuqonda okoMoya. Kumele sonke sifunde kangcono ukuthi siyilalela kanjani iNkosi kanye nomunye nomunye. Ngokufanayo kumele siqaphele ingozi yokufuna ukunika izimpendulo ezisheshayo. Izinkinga kanye nemibuzo exakile idinga isikhathi ukwakha izisombululo eziyimpumelelo. Izimpendulo njena ezilula ziyahluleka ukunikeza izisombululo eziliqiniso neziqinisekile.

Umthetho omkhulu kaNkulunkulu owokuthi simthande, sithande nomakhelwane bethu. Ukulalela abafowethu nodadewethu kuyindlela lapho sidlulisela khona uthando kanye nenhlonipho. Umangabe kudluliselwa ngothando, ngisho noma sisincane kanjani isifiso sethu sokulalela sizwe ngempela ukuthi omunye uzama ukuthini kuba yithuluzi lokuthi lenkulumo ngxogxo kanye nobunye obujulile. Lokhu kuyiqiniso elisemqoka umangabe sizinikela ngokweqiniso ukufinyelela kubantu bakithi abasha, izihambi, kanye nabokufika abazokhosela kuleli. Konke lokhu kunemibono ecacile kanye nolwazi olwengeza ukubaluleka kanye nokucebisa kwengxogxo kanye nokukhulumisana. Kumele sonke sifunde ukuba nokuqonda okujulile kanye nokubekezela okubanzi.

Ukusabela kwesiFundabhisobhi esiKhulu saseThekwini kwisimemo sikaPhapha uFrancis ukuphimisela imibono yethu yokuthi singaba kanjani yiBandla elilalelayo kanye nomphakathi ovulelekile kukubambisana kanye nokulangazelela ukuba uhambisane kungaba iqhaza elibalulekile. UBaba oCwebileyo ufuna ukuzwa ukuthi singathini – uyafisa futhi uyalangazelela ukulalela. IBandla lona lisilindele.

Kuyithemba nomkhuleko wami oyiqiniso ukuthi sonke sizosabela ngenjabulo enoqgozi egcwele ukholo. IVangeli, ezindaweni eziningi, lisitshena ukuthi singa-ngabazi – uMatewu usikhumbuza ngesithembiso sikaJesu "*qinisekisa ukuthi nginani kuze kube sekupheleni kwesikhathi.*" (28:20)

Ozithobile eNkosini

  
+ Siegfried Mandla Jwara CMM

**Archbishop of Durban**